## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

## INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo,lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele.Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/ UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   A. UThoko/A(okuwuhlamvu oluphelele)

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 **UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

1.1.1 Ukwenza isiqiniseko sokuba bazinikeze isikhathi esanele sokwenza ucwaningo ngezikhungo zemfundo ephakeme abafuna ukuyofunda kuzo.√√ (2)

1.1.2 Babheka/bafuna ubufakazi bokuthi ungakwazi yini ukwenza umsebenzi abakuqashele wona.√√ (2)

1.1.3 Amanyuvesi anikeza iziqu ngokuqeqesha abafundi baze bagcine bengodokotela √ kanti izikhungo zamakhono zinikeza izitifiketi zemisebenzi yezandla/yamakhono.√ Amanyuvesi amukela abafundi abaphumelele kahle ibanga le-12 √kanti izikhungo zokuqeqesha ngokwamakhono zamukela abafundi abaphumelele ibanga lesi-9.√ (4)

1.1.4 A/NSFAS.√ (1)

1.1.5 Isigaba sesi-3 siqukethe umqondo wokuthi abafundi banelungelo lokuzikhethela izikhungo abafuna ukufunda kuzo. √ Uma umfundi ekhetha ukuyofunda esikhungweni semfundo ephakeme esizimele makaqikelele ukuthi sibhalisiwe ngokusemthethweni √ futhi sinegunya lokufundisa lezo zifundo azikhethile.√ (3)

1.1.6 Umuntu makakhethe izifundo azithandayo nazokujabulela ukuzenza ukuze kuthi noma ehlangabezana nobunzima akwazi ukubhekana nabo ngoba lezo zifundo uzikhethele yena.√√ (2)

1.1.7 Ukuba khona kwe-SAQA kubalulekile ngoba yiyona eqinisekisa ubuqiniso beziqu kanye nezikhungo ezisemthethweni/Kubalulekile ngoba uSAQA ukunikeza uhlu lwezikhungo zemfundo ephakeme ongakhetha kuzona.√√ (2)

1.1.8 Kuwumkhuba omuhle ngoba usuke ukude nomndeni wakho nakubantu obajwayele. Ngakho-ke uyabadinga abantu ozophila nabo futhi babe usizo nasezifundweni okungenzeka zikunike inkinga./Kuwumkhuba ongemuhle ngoba ungahlangana nabangani ababi eningadudana nabo uze ugcine usuphazamiseka ezifundweni zakho okuyinto osuke uyizele lapho enyuvesi.√√
Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa. (2)

1.1.9 Umbhali usisebenzise kahle lesi simo sokukhuluma ngoba sikhuthaza ukuba abafundi bakhethe izikhungo kanye nokufaka izicelo zokuyofunda kusenesikhathi ukuze bangahlangabezani nembibizane yokuthola izikhungo sezigcwele.√√ (2)

**KANYE NO**

1.2 **UMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.2.1 Emajuba College okuyisithombe sesi-3 kutholakala ikhono lokufunda okuthile usebenzisa ikhompyutha√ kanye nekhono lokwakha.√ (2)

1.2.2 Esithombeni sesi-2 abafundi basenyuvesi balalele isifundo ukuze bathole ulwazi √okuhambisanayo nesithombe soku-1 esikhombisa inyuvesi i-UNISA okuyisikhungo semfundo ephakeme esihlinzeka abafundi ngolwazi. /.√ Abafundi basegumbini lokufundela balalele √eUNISA/ esikhungeni semfundo ephakeme.√ (2)

1.2.3 Esigabeni sesi-2 kuyavela ukuthi abafundi bangazikhethela ukuthi bafuna ukufundela umsebenzi wolwazi enyuvesi noma umsebenzi wekhono kuma-TVET Colleges.√√ Lokhu kuyahambisana/ kunobudlelwane nokukhonjiswe ezithombeni ezikumbhalo B lapho kuvezwa khona abafundi besegumbini lokufunda enyuvesi kanye nabafundi abenza amakhono ehlukene eMajuba College.√√ (4)

1.2.4 Lolu phawu lwamajuba lusetshenziswe kahle ngoba luchaza ukuthi uma usufundele ikhono eMajuba College impilo yakho izothuthuka ibe nokuthula ifinyelele ezingeni eliphezulu elifaniswa nokundiza kwejuba.√√ (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

## UMBHALO C

| Amaphuzu acashuniwe | | Amaphuzu owabeke ngamagama akho | |
|---|---|---|---|
| 1 | Umzali kumele ahlale phansi nengane ukuze ayifundise imithetho yalapha ekhaya kanye nendlela okufanele igcinwe ngayo. | 1 | Kubalulekile ukuthi umzali ahlomise ingane yakhe ngemithetho, nendlela afuna igcinwe ngayo. |
| 2 | Kungumsebenzi womzali ukuthi ayicele ingane ukuba ingachithi isikhathi nabangani abangalungile. | 2 | Kumele ukuthi umzali atshele ingane yakhe ukuba ihlukane nokuhlala nabangani abangezwa. |
| 3 | Umzali makangagxeki abangani bengane yakhe kodwa angaxwayisa ingane ngobubi bokuhamba nabangani abenza okungalungile. | 3 | Makuboniswe umntwana ngobungozi bokuhamba nabangani abenza okungamukelekile. |
| 4 | Kudingeka ukuba umzali acele usizo kwabanye bomndeni njengomalume, obabekazi noma kwabangaphandle okungaba omakhelwane nomfundisi webandla akhonza kulo. | 4 | Umzali makacele ukwelekelelwa uzalo kanye namalungu omphakathi. |
| 5 | Alikho icala uma umzali ebaxosha abangani bengane yakhe uma esola ukuthi ubudlelwane babo obokududana ngezinto ezimbi. | 5 | Umzali makabe nesibindi sokuxosha abangani bengane yakhe uma ebona ukuthi bafakana ehlathini ngezinto ezimbi. |
| 6 | Umzali makabazi abangani bengane yakhe kanye nalapho behlala khona ngoba lokho kuyoba olukhulu usizo ngelinye ilanga. | 6 | Kuyasiza ukuthi umzali azi imvelaphi yabangani bengane yakhe ukuze asizakale ngesikhathi esizayo uma kuvela inkinga. |
| 7 | Umzali makayikhuthaze zisuka nje ingane ukuba isho ukuthi iya kuphi, izobuya nini futhi iyokwenzani ukuze kugwemeke izinkinga ezingavela ekuhambeni kwesikhathi. | 7 | Ingane mayikhuthazwe ukwazisa umzali ngezinhlelo zalokho ezokwenza osukwini ukuze kunqandwe izinkinga ngesikhathi esizayo. |

**NOMA**

**UMBHALO C**

**UKUFINGQA NGESIGABA**

Kubalulekile ukuthi umzali ahlomise umntwana wakhe ngemithetho yasekhaya nendlela afuna igcinwe ngayo. Kumele ukuthi atshele ingane yakhe ukuba ihlukane nokuhlala nabangani abangezwa. Makayibonise ingane ngobungozi bokuhamba nabangani abenza okungamukelekile. Makacele ukwelekelelwa uzalo kanye namalungu omphakathi. Umzali makabe nesibindi sokuxosha abangani bengane yakhe uma ebona ukuthi bafakana ehlathini ngezinto ezimbi. Kuyasiza ukuthi umzali azi imvelaphi yabangani bengane yakhe ukuze asizakale ngesikhathi esizayo uma kuvela inkinga. Ingane mayikhuthazwe ukwazisa umzali ngezinhlelo zalokho ezokwenza osukwini ukuze umzali abe nolwazi lwalezo zinhlelo.

[Inani lamagama angama-78]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ANNEXURE A**

**Indlela yokumaka ukufingqa**

Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyiko.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
  - 6-7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 1-5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe, kumele kufundwe amagama kuze kufike ekugcineni kwalowo musho eqe ngawo.

**QAPHELA: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).**

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

3.1 Lase-Afrika√ (1)

3.2 Kuyahambelana ngoba isiqubulo sichaza ukuthi uvaselina welapha isikhumba esonakele/ isiqubulo sithi uvaselina okugcina ubushelelezi.√ Ubuso balo mlisa bukhombisa ukuthi engakawusebenzisi lo vaselina okhangisiwe sasimaholoholo/sinemivingqi futhi siqgungqile.√ Emuva kokusebenzisa lo vaselina isikhumba saba bushelelezi futhi wabukeka kangcono kunakuqala.√ (3)

3.3 Umkhangisi usebenzise ifonti enkulu egameni wina ukuheha amakhasimende ukuze athenge lo mkhiqizo/ukugqamisa ukuthi uma uwuthenga lo mkhiqizo kukhona ozokuwina. √ Kusetshenziswe ifonti encane emiklomelweni ezotholakala ukuze amakhasimende angaboni/anganaki ukuthi lezi zinto abazozithola zihambisana nemigomo nemibandela.√ (2)

3.4 Umkhangisi usebenzise le ndlela yokuxhumana ukuze abathengi bathole ulwazi abaludingayo mayelana nomkhiqizo okhangisiwe.√√ (2)

3.5 Ngiyavumelana ngoba izinto ezibaliwe ezizokwenzeka kuleli holide azivamile njengokuba nemoto yomjaho, ukugwedla ngesikebhe kanye nokugibela indizamshini/Angivumelani ngoba abanye abantu sebeyakwazi ukuzibekela imali bazijabulise ngazo zonke lezi zinto ezibaliwe.√√ (2)
**[10]**

## UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

4.1 Uyibambe ngesandla esisodwa wayiqinisa izinyawana zahlangana ./ Indlela ayibambe ngayo uyibhekise phansi.√ (1)

4.2 Ukuqhantsha komjuluko kukhombisa ukuthi lo olengise ingane ubenza umsebenzi onzima nobucayi wokubelethisa olele embhedeni.√ Uphinde athuswe/amangazwe/ athukutheliswe ukuthi obelethiswayo kumele ngabe umqondo wakhe ugxile enganeni√ kodwa esikhundleni salokho yena uzicabangela ngezinkundla zokuxhumana.√ (3)

4.3 Iyanyakaza/D.√ (1)

4.4 Umdwebi wekhathuni uphumelele ukuhlekisa ngoba uma abantu sebengenwe uthando lwezinkundla zokuxhumana ababe besabheka ukuthi kufanele bazisebenzise nini, kuphi futhi kanjani njengoba kwenze lo owesifazane ongene ne-laptop egunjini lokubeletha. √√√ (3)

4.5 Inkulumo ikhombisa ukuthi lo wesifazane akanandaba/akanalo uthando lwale ngane kodwa okubalulekile kuyena ukuthi umhlaba wazi ukuthi usenengane kanye nangobulili bayo/le nkulumo iveza ukuthi izinkundla zokuxhumana zibalulekile ukwedlula uthando nokulangazelela kukamama ukubona umntwana wakhe okokuqala. √√ (2)
**[10]**

**UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

5.1 Sinikeza umqondo wendawo./Sinikeza umqondo kandaweni./Sinikeza umqondo wokuthi into yenzeka kuphi.√ (1)

5.2 Ichophelo/Igayiso.√
Lo mfula unamachophelo amahle okuchopha ingqakala./Ugogo unegayiso elibushelelezi lokugaya ummbila.√ (2)

5.3 Ithala lelukwa ngezintambo.√
Ithala lelukelwa phansi njengezihlandla.√ (2)
Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa.

5.4 A/wokukhomba eduze.√ (1)

5.5 Abantu abaswele/abampofu/abahlwempu/abantulayo/abahluphekayo babeye bakuntshontshe ukudla.√ (1)

5.6 Impi yadudulana ngethala lemikhonto.√
Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa. (1)

5.7 Ukumba√
ukungena.√ (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**